**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha lokuqala)**

**ISIKHATHI: 2½ amahora**

**IMIKLOMELO: 100**

---

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B no-C.
- Phendula yonke imibuzo.
- Bhala ngobunono.

---

## ISIGABA A
### UMBUZO 1

Funda lesi qephu esicashuniwe bese uphendula imibuzo elandelayo.

> Ngiyayisika le nsonyama ngiyisika ngesoka lami u-Andile wakwaHlase ngaphansi kwentaba yoKhahlamba. Kusadliwa ngoludala zazisho kanjalo izintokazi uma zizigqaja ngamasoka azo. Nezinsizwa zazisukuma zidedelana zisika insonyama, insizwa isukume ithi: "le nsonyama ngiyisika ngentokazi yakwaSotobe uThelelina onyathela ngabantwana."
>
> Ngalezo zikhathi izinsizwa nezintombi zaziziqhayisa ngabantu ezithandana nabo. Kwakuyimvela kancane ukuthi kube nentombi engaziwa ukuthi iqome bani. Izintombi zaziwagagula amasoka azo. Kanjalo nasezinsizweni kwakungaze kubuzwe ukuthi umfo kasibanibani uqonywe iyiphi intokazi, kwakuba yiyona insizwa esukuma izintombi ziphelele isho ukuthi ithandwa ngubani.
>
> UMagwinyakushisa ubona kufanele ubuyiswe umkhuba wokusikwa kwensonyama, ukuze kuphele lokhu kuthandana isingobe. Kuyoze kube nini sibekezele lombhedo wokuthi abantu bahambe bexhakene nezintombi. Uthole umuntu esenamathele entombini ofuna ukuyishela uze ulahlekelwe yithemba.
>
> Emuva kwesikhathi uthole ukuthi insizwa nentombi ethile bayathandana, kodwa abanakani, ungaze ucabange ukuthi akwaziwana. Kanti uthando lwabo luvutha amalangabi uma sebebobabili abafuni ukuthandana phambi kwabantu. Uma wena usukelwa wugqozi uthi uyashela noma uyaqoma esinye salezi zithandani ujika uzondeke kube sengathi unochuku. Kudide ukuthi umuntu ukuzondela ukuthi uqome isoka lakhe, abe engakaze azise muntu ngalo.

**Pheqa ikhasi**

Kwephula umoya nokuthi umuntu azonde abantu ngoba ethi bashela intombi yakhe, kodwa kube kunguye ongafuni ukubonakala ehamba nayo. Wenza sengathi abantu bazobhula ukuthi le ntombi ehlala itholoza yodwa inalo isoka elibonela ngasese. Kungenxa yalezi zizathu uMagwinyakushisa ebona lo nyaka kufanele ubizwe ngonyaka wensonyama ukuze wonke umuntu aphumele obala ngesithandwa sakhe. Kuyiqiniso ukuthi isikhathi esiphila kusona asisafani nesakuqala, lapho kwakulengiswa inyama eyinsonyama kudedelwane ngokuyisika imibengo. Osekungenziwa wukuthi kwenziwe imicimbi okusikwa kuyo insonyama ngendlela yesimanje manje, kuhlanganiswe izinsizwa nezintokazi eziqhamuka ezindaweni ezahlukene. Kube yilowo nalowo asukume asho ukuthi yena ungusibanibani wakwa banibani, uthandana nosibanibani wakwa sibanibani endaweni ethile. Kulapho kungavela khona labo abazenyezayo ngezithandwa zabo, umuntu athandane nomuntu kodwa angafuni kwazi bantu.

Uthole umuntu eya emcimbini ehamba nesithandwa sakhe kodwa bevalelane emotweni bangaphumi, balibala ukuqabulana bethandana isingobe. Kuvele kungaqondakali ukuthi laba bantu bebezelani emcimbini bobabili, uma bengafuni ukubonwa ukuthi bayathandana. Uma singaphasiswa lesi siphakamiso sikaMagwinyakushisa semicimbi yensonyama, kungakheka igidigidi kuphangelwana abantu bevezelana omayifohloza babo. Sengiyabona kulowo mcimbi sekusukuma intokazi ithi "Ngiyawudla lo shingamu ngiwudla ngesithandwa sami uPopo odume ngokushuka imboza abese eqhomoloza kovulandi bezitolo." Kuphinde kusukume insizwa ithi "Ngiyawuphuza lo bhiya ngiwuphuza ngentombi uTezo odume ngokuveza ingubo yangasese enezintambo ematekisini nasesontweni." Kwenanele enye intokazi ithi yona iyayichofoza le selula, iyichofoza ngesithandwa sayo uBhoyo oshayela itekisi. Iqhubeke imchaze ukuthi iyamthanda yize yazi ukuthi uyithengela izibiliboco ngemali yesokisi. Kuphinde kusukume enye insizwa isho ukuthi ngaloku kudansa kwayo iphonsa inselelo ezintokazini ezifuna izeshele ngemali. Icacise ukuthi imali inayo, kodwa inenkinga yokuthi iyayiphuza ngoba yeswele umuntu ezoyidla naye. Le micimbi ingaba wusizo kulabo abawondingasithebeni abangenazo izithandwa. Izimpohlo kanye nezinkehli zingathola ithuba lokusika insonyama ngendlela yazo. Kusukume impohlo ithi "Angisukumi nalutho kodwa ngibika uvalo lwami ukuthi yilona olungenza isishimane. Uma ngibona intokazi kuvele kubhakuze isifuba" Kusukume inkehli ithi "Umthetho wami nginenkinga yokuthi ngifuna ukuthandana nabantu abaphezulu kodwa bona abangesheli. Ngizithola ngiphakathi nendawo ngoba abantu abaphansi ngiyababphoxa uma bengishela, lokho kwenza ngingathandani namuntu" Uma isiphakamiso semigidi yensonyama singaphumeleli kuyacaca ukuthi koyofanele kuthathwe uMagwinyakushisa abe yinsonyama ngoba vele unogazi.

Isolezwe

1.1 Ngubani igama lesoka umbhali akhuluma ngalo ekuqaleni kwendaba? (1)

1.2 Lingelakwabani isibongo? (1)

1.3 Yimaphi amagama achaza ngcono ukuthi uThelelina wakwaSotobe unezitho ezinhle? (1)

1.4 Yini lena eyayiyimvela kancane lapha endatsheni? (2)

1.5 Ngubani lona obona kufanele libuyiswe isiko noma umkhuba wokusikwa kwensonyama? (1)

1.6 Abantu abathandanayo kodwa benganakani kutholokala uthando lwabo lunjani? (2)

1.7 Ake uchaze lezi zigejana zamazwi:

1.7.1 kusadliwa ngoludala. (1)

1.7.2 uthando lwabo luvutha amalangabi. (1)

1.7.3 ukuphulwa umoya. (1)

1.7.4 ukusika insonyama. (1)

1.7.5 ukuthandana isingobe. (1)

1.8 Ngonjani umuntu oyisingili? (1)

1.9 Esikhathini sakuqala kwakulengiswa inyama eyinsonyama kudedelwane bese kusikwani? (1)

1.10 Imicimbi yokusikwa kwensonyama yesimanje ingasiza ukuveza abantu abanjani? (2)

1.11 Abantu abaya emaphathini noma emicimbini behamba ngezimoto bavamise ukwenzani uma sebefikile ephathini lelo? (2)

1.12 Sebenzisa leli gama elidwetshelwe kulo musho olandelayo liveze omunye umqondo ohlukile kunalowo osesiqeshini.

1.12.1 Abantu <u>bazobhula</u> ukuthi le ntombi ehlala itholoza iyisingili. (2)

1.13 Ngubani igama le sithandwa esidlelwa ushingamu yintombi yaso? (1)

1.14 Udume ngani uTezo? (1)

1.15 Ngeliphi elinye igama elisendabeni elichaza umakhala ekhukhwini? (1)

1.16 Izibiliboco zithengwa ngemali yesokisi. Ngokucabanga kwakho ngenjani-ke le mali? (1)

1.17 Chaza umehluko phakathi kwala magama alandelayo:

1.17.1 Impohlo

1.17.2 Inkehli. (2)

1.18 Kungani le nkehli ingabi nazo izesheli? (1)

1.19 Yisiphi isaga / isisho esingachaza kangcono ukuthi abantu bathandana ngempela futhi abahlukani cishe sonke isikhathi. (1)

1.20 Kuchazwani ngalokhu: 'Kuvele kubhakuze isifuba'. (1)

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [30]**

## ISIGABA B

### UMBUZO 2
### UKUFINGQA

Qoqa le ndatshana ngamagama angevile ku-20. Ungaguquki neze emmongweni wendaba.

### YENZELWAPHI IMBELEKO?

Umlobokazi noma mangithi-ke umakoti uma esanda kugcagca uyaye abuyele kubo uma esekhulelwe eyotetela ekhaya. Lokho kwenzelwani na? Phela ngesikhathi eyogcagca abazali bakhe bamethula esigcawini njengoba benza esibayeni ekhaya kubo sebemvalelisa ngosuku lomncamo, becela kubantu abadala okungamathongo abo ukuthi umntwana wabo useyokwakha umuzi wakhe afike athele izithelo ezinhle, lokho besho ukuthi afike athole abantwana emzini okuwukwakha umuzi lokho. Ngempela-ke uma esekhulelwa kusho khona ukuthi bambhekile abadala. Kuye kufanele-ke ukuthi abuyele ekhaya kubo ayobelethela khona abakubo bese behlaba imbuzi yokubonga abaphansi ukuthi babezwa ngenkathi bethemeleza esibayeni nasesigcawini emzini. Ngakho-ke le mbuzi yiyona ababonga ngayo, bese kuthi isikhumba sayo senziwe-ke leyo mbeleko. Useyohamba-ke umlobokazi ebuyela emzini wakhe esebelethe ingane ngaleyo mbeleko. Ngakho-ke kulihlazo nomkhuba omubi esingazi ukuthi uvelaphi ukuthi umfana uma ekhulelise intombazane bese kuthiwa nguyena okufanele enzele ingane yakhe imbeleko. Yinhlamba leyo kumfana ngoba ukwenziwa kwembeleko akumthinti neze umuntu wesilisa.

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [10]**

## ISIGABA C

### UMBUZO 3
### UHLELO

Funda lesi siqeshana esicashuniwe bese uphendula imibuzo elandelayo

Tibi! Ngofo! Yinyoka! Agxume agelekeqeke uMpiyakhe umkhonto uwele laphaya, kusale ihawana kuphela. Abheke lapha ngenhla kweqakala langakwesinxele. Nazi izimbotshana ezimbili esekumfoma igazi kuzo. Ezwe umqondo wakhe uduma manje. Kwagqama umfanekiso owodwa nje: UKUFA!

Abuye abheke esithweni sakhe uMpiyakhe. Lisamfoma igazi. Umzimba wakhe uthuthumele. Ukufa! Hawu! Kufikile. Ebesenezinhloso eziningi kangaka! Ingani ubukhosi bese ebubheke emehlweni, sekusele izinyanga nje ezingengaki.

Nx! Le nyoka! Uthi ibingathunyelwe ngabathakathi? Kube khona umqondo wokuthi ngcono ayibulale noma kungenakusiza ngalutho. Athi nyathu nyathu, acoshe umkhonto. Uqathake. Awucoshe futhi. Aphikelele emgodini ehushuzelele kuwona inyoka. Aguqe ngedolo langakwesokudla, afake umkhonto emgodini. Goqogoqo! Lutho.

Akunamsebenzi awuhoshe umkhonto. Awunagazi akayigwazanga inyoka. Abuye axhokoxhe futhi enethenjana manje lokuthi umkhonto ugcwele igazi, kodwa lutho ushaye phansi kwashunqa uthuli. Kusho ukuthi ayikho lapha phakathi. Bekuyilumbo ngempela. Uma futhi elibala lapha manje angaze aficwe ukufa engakafiki nasekhaya.

Usendleleni nje uMpiyakhe nekhanda ulizwa lisinda. Lolu usuku lwakhe lokugcina emhlabeni. Akazukwazi ukwenza izinto eziningi. Uzoqala ngani nje nempela? Kuthi ngci engqondweni. Ame isikhathi eside. Sifuthe isitho. Uma lokhu kufutha kuzokhuphuka kuze kufike enhliziyweni, izophela indaba. Asuke inhlamvu aphikelele ekhaya ababikele.

Uthi konje izinyanga zizosiza nje. Mhlawumbe zinazo izibiba ezingase zikuphebeze ukufa lokhu.

Izulu lathi ukuphenya kancane. Ilanga likhanyise lapho ekhona. Bube buhle ngokunye utshani obuluhlaza-obunempilo. Nazi izimbali ezintsha zithe gqwa zimamatheka. Nayo le nkungwana esentabeni uCijojo, inhle kakhulu namhlanje. Ha! Nantuya uthingo lwenkosazana kungathi luzofiphala kancane manje. Selokhu azalwa, selokhu ahlala kule ndawo, abukaze bube khona ubuhle obunjena. Kodwa kusasizani?

Lapha eyongena ekhaya abuye awaphakamise amehlo. Naziya izinkomo zikayise. Awubheke nje amadlelo ... Nabasegcekeni bayasola ukuthi kukhona okushaya amanzi. Akhuphukele endlini enoyise. Angene. Ahlale ngasemnyango. Noyise lona akaphathekile kahle. Aphakamise ikhanda "Kanti nguwe Mpiyakhe?" Lisho ngezwi eliyisihosho ikhehla.

"Yimina Baba ngizovalelisa". Udidekile uyise kaMpiyakhe uDunguzela kuze kudideke namakhosikazi abebiziwe. UMpiyakhe achaze ukuthi usho ukuthini uma ethi uzovalelisa. Aphume uDunguzela ayobheka izibibana ezithile kodwa lutho. Aphindele endlini lapho kuno Mpiyakhe amfice esebitoza esejuluke emanzi te. Indaba kaMpiyakhe yokugula ihambe masinyane, kuze kufike bonke abantu bendawo bathi bazosiza kodwa lutho oluyimpumelelo. Kuze kuhluleke uQolotha oyinyanga edumile. Kodwa aphikelele nokulapha angene futhi uQolotha elawini likaMpiyakhe esephethe inyoka leyo belu. Asho ukuthi izinsiswa ziyilinde yaze yaphuma zayibulala. Awavule kancane amehlo uMpiyakhe, athi nje "Yiyona" acimeze zithi jwi izinyembezi. Athi uQolotha:" Engijahe ukukuphawula nkosi nani bandla ukuthi ngokuyazi kwami le nyoka ukuthi ayinasihlungu esibulalayo. Bengikusola lokhu kuvuvuka. Ngiyayazi le nyoka ukuthi umuntu imenza avuvuke kanje kodwa angafi. Singakwenza ukumshunqisela uMpiyakhe simcindise kuphela. Uzosinda. Avuke kancane uMpiyakhe abheke uSinqindi, amehlo awadlulisele kwabanye abasendlini, awaphosele phandle abone laphaya ngaphesheya sekukhona olunye uthingo lwenkosazana. Kwaba ngozi makhaza.

3.1 Bhala imisho yakho ngamagama angezansi ukuze kugqame umehluko phakathi kwawo.

3.1.1 uMpiyakhe (1)

3.1.2 Mpiyakhe! (1)

3.2 UCijojo yigama lentaba. Shono-ke ukuthi liluhlobo luni lwebizo. Yakha owakho umusho ngalolu hlobo lwebizo. (2)

3.3 Cezu luni lwenkulumo igama elidwetshelwe emshweni ongezansi? Lisebenzise kowakho umusho ngaphandle kwegama elilimele.

3.3.1 Uma ephakamisa <u>wona</u> amehlo. (2)

3.4 Phinda ubhale le misho elandelayo bese kuthi lapho kudwetshelwe khona ukhombise imvelaphi yezinhlamvu lezo ezidwetshelwe.

3.4.1 Nazi izimbo<u>tsh</u>ana ezimbili. (1)

3.4.2 Abuye abheke esithweni. (1)

3.4.3 Uthi ibingathunyelwe ngabathakashana? (1)

3.5 Yisho umqondo ovezwa yileso naleso sijobelelo esidwetshelwe.

3.5.1 Usuku lokugcina emhlabeni. (1)

3.5.2 Kufanele angafi. (1)

3.5.3 Kumele simncindise ukuze alulame (1)

3.5.4 Nazi izimbalikazi zimamatheka. (1)

3.6 Bhala lo musho ukhombe ukulandula.

3.6.1 Uzosinda. (1)

3.7 Kulowo nalowo musho olandelayo shono ukuthi isenzo sikuyiphi indlela.

3.7.1 Izulu lathi ukuphenya kancane. (1)

3.7.2 Amfice esebitoza uMpiyakhe. (1)

3.8 Bhala amagama amqondofana nalawa alandelayo wakhiphe esiqeshini esingenhla:

3.8.1 abakhunkuli. (1)

3.8.2 bazonceda. (1)

3.9 Chaza lezi zimo zokukhuluma ngokwasesiqeshini.

3.9.1 Ukushaya phansi kushunqe uthuli. (2)

3.9.2 Kukhona okushaya amanzi. (2)

3.9.3 Kwaba ngozi makhaza. (2)

3.10 Ibizo elidwetshelwe emshweni ongezansi lisebenze njengesandiso sesimo.
Umkhonto ugcwele igazi.
Bhala-ke umusho wakho onesandiso sesimo. (2)

3.11 Chaza ukuthi izenzukuthi ezisetshenzisiwe ziqukethe mqondo muni.

3.11.1 Esejuluke emanzi *te*. (1)

3.11.2 Athi *nyathu nyathu*. (1)

3.12 Bhala la mabizo alandelayo abe sebunyeni bese wakhe izaga ngawo:

3.12.1 Abantu. (1)

3.12.2 Abathakathi. (1)

3.13 Chaza izaga ozibhale ngenhla (3.11) (2)

3.14 Tomula izifenqo endabeni bese unika nezibonela. (4)

3.15 Khombisa ngemisho emibili ukuthi igama inyanga lingaveza eminye imiqondo ngaphandle kwalona otholakala lapha endabeni. (4)
**[40]**

**UMBUZO 4**

Bhala igama elifanele kubakaki

4.1 4.1.1 Musa (ukugubha) umgodi ongaka. (1)

4.1.2 Uma uyinsizwa yakwabo kufanele ube (negazi) (1)

4.1.3 Zihloniphe ukuze ube (nomthunzi) (1)

4.1.4 Kufanele ukhulume isiZulu (samampela) (1)

Hlukanisa la magama ngokusemthethweni wolimi lwesiZulu.

4.2 4.2.1 Lomuntu uzogibela isitomela santambama. (1)

4.2.2 UGedleyihlekisa usenguMongameli (1)

Bhala ofeleba endaweni efanele

4.3 4.3.1 asuka amehlo kanomabungubungu ahlala ngqo kumamkhize. 4x½=(2)

4.3.2 indawo yasegauteng igcwele amazulu nabesuthu. 4x½=(2)

4.4 4.4.1 Zichazani lezi zimpawu “ ” (1)

4.4.2 Bhala izimpawu ezifanele kulo musho olandelayo
Konje uthe uzofika nini umama Hhayi Impela uma esefikile sobona ngoswidi ngamakhekhe kanye nezipho 6x½=(3)

4.5 NgesiZulu sithi ifeksi yisikhahlamezi: Shono-ke ukuthi:

4.5.1 Iselula kuthiwa yini? (1)

4.5.2 Ikliniki kuthiwa yini? (1)

4.5.3 Ikhompethishini kuthiwa yini? (1)

Lungisa konakele bo

4.6 4.6.1 Umfazi wakwaMzobe uzele indodana. (1)

4.6.2 USipho uhlabele umamezala wakhe imvu. (1)

4.6.3 Ubaba ubizwe kwaSibisi ukuyodla ikhanda lenkomo. (1)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [60]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 100**

**ISIPHETHO**